



# Nalibali

It starts with a story...

## Family stories

**Every family has stories to tell! Some of these stories might be ones that were told to you as a child. These could include: stories about imaginary or mythical characters that are passed down from generation to generation, stories about trickery or bravery, or stories that teach about the values of perseverance or forgiveness.**

But there are other family stories too. These are the stories of the everyday experiences of members of your family now and in the past. It's the stories we tell when our children say to us, "Mom, tell me a story

about when you were little." Or it's the stories we tell at supper time about what happened to us as we were trying to reach a cereal box on the top shelf at the supermarket this morning. As we share these stories about our everyday lives, we build connections with our children – we allow them to know more about us.

But in addition to this, listening to our stories helps children learn how stories work. For example, they learn that stories have a beginning, a middle and an end, and they learn that the events in a story help it build up to a climax, which is the most exciting part of the story. Knowing how stories work, helps children when they are reading stories in books and writing their own stories!

As we talk about what happened to us today or long ago, we often include how we felt at the time, for example, "It was really, really dark and we were so

scared, but we kept walking towards the bathroom because we wanted to find out what the noise was." When we talk about how we felt in a situation, we give our children the language to talk about their own feelings. Being able to express how you feel, is something that helps children to feel confident about themselves.

Stories about real or imaginary people outside of our families, help children to connect with the wider world. The stories of our families are as unique as the people in our family! They are part of each family's history and they help children to know where they come from and who they are.

Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) and [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) for more information and tips on storytelling!

## Izindaba zomndeni

**Umndeni ngamunye unezindaba ongazixoxa! Ezinye zalezi zindaba zingaba yizindaba nawe owawuxoxelwe zona useyingane. Lezi zingahlanganisa: izindaba ezimayelana nabalingiswa abacatshangwayo nje noma abezinganekwane ezisuka esizukulwaneni esinye ukuya kwesinye isizukulwane, izindaba ezimayelana nobuqili noma ukuba nesibindi, noma izindaba ezifundisa ngobuhle bokubekezela noma ukuthethelela.**

Kodwa kunezinye izindaba zomndeni futhi. Lezi yizindaba zokwenzeka ezimpilweni zansuku zonke zamalungu omndeni wakho manje noma esikhathini esedlule. Izindaba esizixoxela izingane zethu uma zithi kithi, "Mama, ngixoxele

indaba ngawe ngesikhathi useyingane." Noma indaba esiyixoxa ngesikhathi sesidlo sakusihlwa ngokuthi kwenzekeni ngesikhathi sizama ukuthatha ibhokisi lamasiyeli eshalofini lasesitolo eliphezulu namhlanje ekuseni. Lapho sabelana ngezindaba ngempilo yethu yansuku zonke, sakha ukuxhumana nezingane zethu – sizivumela ukuthi zazi kangcono ngathi.

Kodwa ngaphezu kwalokhu, ukulalela izindaba zethu kusiza izingane zethu ukuthi zifunde ukuthi zisebenza kanjani izindaba. Isibonelo, zifunda ukuthi izindaba zinesiqalo, indawo ephakathi nesiphetho, futhi zifunda nokuthi izehlakalo endabeni zisiza ukuthi indaba ize ifinyelele kuvuthondaba, okuyingxenywe yendaba ethokozisa kakhulu. Ukwazi ukuthi izindaba zisebenza kanjani, kusiza izingane lapho zifunda izindaba ezincwadini nasekubhaleni izindaba zazo!

Lapho sikhuluma ngokuthi kwenzekeni kithi namhlanje noma kwenzekani kudala, sivamise ukusho nokuthi sasizizwa kanjani ngaleso sikhathi, isibonelo,

"Kwakumnyama buqo, futhi sasesaba ngempela, kodwa saqhubeka nokuya ngasegumbini lokugezela ngoba sasifuna ukwazi ukuthi kwakuwumsindo wani lowo." Uma sikhuluma ngokuthi sazizwa kanjani esimweni esithile, sinikeza izingane zethu ulimi lokukhuluma ngendlela ezizizwa ngayo. Ukwazi ukusho indlela ozizwa ngayo, yinto esiza izingane ukuthi zizizwe zinokuzethemba nazo uqobo.

Izindaba ngabantu bangempela noma abasuselwa ekhanda abangekho emindenini yethu, zisiza izingane zethu ukuthi zixhumane nomhlaba obanzi. Izindaba zemindenini yethu zehluka kwezinye njengokwehlukana kwabantu emndenini wethu! Ziyingxenywe yomlando womndeni ngamunye futhi zisiza izingane ukuthi ziyazi imvelaphi yazo nokuthi zingobani.

Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) naku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) ukuze uthole olunye ulwazi namacebo okuxoxa indaba!



Enter our Heritage Day Family Stories competition and win a book hamper! See page 7 for details.

Ngenela umncintiswano wethu Wezindaba Zomndeni Zangosuku Lwamagugu bese uwina ihempu yezincwadi! Bhaka ikhasi le-7 ukuze uthole imininingwane.



Drive your imagination

Read to me. In my language.  
Ngifundele. Ngolimi lwami.



It starts with a story...



## Nal'ibali news

During June, Nal'ibali ran an exciting campaign drive called #Just15Minutes. We asked parents and caregivers to show their commitment to developing their children's literacy during this Youth Month by pledging to read and tell stories with them for 15 minutes every day.

## Izindaba zakwaNal'ibali

NgoNhlanguvana, uNal'ibali waba nomkhankazo ovusa isasasa owawubizwa ngokuthi i-#Just15Minutes. Sacela abazali kanye nabanakekela izingane ukuthi bakhombise ukuzinikela ekuthuthukiseni ukwazi kwezingane zabo ukufunda nokubhala ngeNyanga Yentsha ngokuzibophezela ekufundeni nasekuxoxeni izindaba nazo imizuzu eyi-15 nsuku zonke.



Criselda Kananda



Pippa Hudson

**W**e got hundreds of pledges from parents and caregivers all over the country and a number of celebrity parents made pledges of their own. They included jazz-singer Judith Sephuma, comedian Rob van Vuuren, 567 Cape Talk presenter Pippa Hudson, author Lauren Beukes, storyteller and writer Gcina Mhlophe, and Metro FM host and TV presenter Criselda Kananda.

Members of Nal'ibali's on-the-ground team carried out surprise 15-minute storytellings in public spaces to make parents and families aware of the power of reading with their children every day. For example:

- In the Free State, Sithembiso Nhlapo and his team read aloud to parents and children at the MUCPP clinic at Phelindaba, saying, "This is the start of many things!"
- Rinae Sikhwari shared a surprise 15-minutes reading at the Polokwane City Library's Father's Day celebrations, where she encouraged parents to make their pledges. Rinae said, "The parents felt really encouraged by the drive and said that they felt challenged by the whole campaign. They said it motivated them to make time to read and tell their children stories!"
- In Uitenhage, Malusi Puwe held a surprise 15-minutes reading for the children of Langa informal settlement. "We asked parents to pledge and to turn this month-long journey into a daily habit!" he said.
- In Johannesburg, Bongani Godide shared the importance of sharing stories with parents at the Evaton North and Micheal Maponya clinics.

**S**athola amakhulu abazali nabanakekela izingane abazibophezela ezweni lonke kanye neningi labazali abangosaziwayo abazibophezela nabo.

Babadakanya umculi womculo we-jazz uJudith Sephuma, umahlalayo uRob van Vuuren, umsakazi waku-567 Cape Talk uPippa Hudson, umbhali uLauren Beukes, umxoxi wezindaba kanye nombhali uGcina Mhlophe, kanye nomsakazi wakwa-Metro FM nomethuli wezinhlalo zikamabonakude uCriselda Kananda.

Amalungu ethimba lakwaNal'ibali elalisezindaweni zomphakathi enza okwakungalindelekile ngokuxoxa izindaba imizuzu eyi-15 ezindaweni zomphakathi ukuze enze abazali kanye nemindeni yazi ngamandla okufunda nezingane nsuku zonke. Isibonelo:

- EFreyistata, uSithembiso Nhlapo nethimba lakhe bafundela kakhulu abazali kanye nezingane emtholampilo wase-MUCPP ePhelindaba, bethi, "Lesi isiqalo sezinto eziningi!"
- URinae Sikhwari wabelana ngokufunda imizuzu eyishumi nesihlanu kungalindelekile emgubhweni woSuku Lobaba eMatsheni wezincwadi waseDolobheni lasePolokwane, lapho akhuthaza khona abazali ukuthi bazibophezele. URinae wathi, "Abazali bazizwa bekhuthazeke ngempela ngenxa yalo mkhankaso futhi bathi bawuthola ubaphonsela inselele. Bathi wabakhuthaza ukuthi benze isikhathi sokufunda nokuxoxela izingane zabo izindaba!"
- E-Uitenhage, uMalusi Puwe wafunda imizuzu eyi-15 kungalindelekile efundela izingane zasendaweni yaseMijondolo eLanga. "Sacela abazali ukuthi bazibophezele nokuthi bashintshe lolu hambo lwenyanga yonke lube indlela yokuziphatha yansuku zonke!" kusho yena.
- EGoli, uBongani Godide waxoxa ngokubaluleka kokwabelana ngezindaba nabazali emtholampilo yase-Evaton North naseMichael Maponya.

### Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

### Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asonge abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



“Indoda enkulu ithathe wonke amakati,” kusho lona. “Iwabophele emasakeni yase Iphuma nawo ngomnyango ongemuva. Iwafake evenini. Ithe ingawadayisa ngemali eningi kabi!”

Kwakungekho mpendulo. UTheo wagala ukubheka emakamelweni. Ekhishini, wabhaka emakhoneni, wathola izinyane lekati e lethuke kakhulu.

“Ayephi?” kubuza uTheo. UTheo waphuma ngomnyango ongaphambili wabhaka ngenhla nangazansi nomgwagqo. Kodwa kwakungekho lutho. “Kungenzeka ukuthi bekumomoya,” washo ngesikhathi ebuyela phakathi endlini. Kwakungekho lutho nalapho. Kwakungekho ngisho nekati elilodwa, kwakungabonakali ngisho namadevu noma umsila walo.

“A big man took all the cats,” she said. “He tied them in sacks and went out the back door. He put them in his van. He said he could sell cats for lots of money.”

There was no answer. Theo started to search the rooms. In the kitchen, crouching in the corner, he found a very scared kitten.

Theo went out the front door and looked up and down the street. “It there was nothing there. “I must have been the wind,” he said and went back inside. There was nothing there either. Not a single cat, not even a sign of a whisker or tail. “Where is everyone?” asked Theo.




“Ngabe yini-ke leyo?” kubuza uTheo. Akuphendulanga muntu. Amakati acasha. “Ningakhathezeki!” kusho yena, “ngizoyobheka.”

“Now what could that be?” asked Theo. No one answered. The cats dived for cover. “Don’t worry,” he said, “I’ll go and see.”

“... kuze kube imanje,” kusho uTheo ngezwi elindondayo ngasekupheleni kwendaba, “Inunu isahamba emigwagweni!” Wavala incwadi. Amakati ayesaqhazazela. UTheo wayesathi uyawakhummbuza ukuthi bekuyindaba nje le, ngesikhathi kuthi PHAHLA! kwezwakala umsindo phandle.

“... and to this very day,” said Theo in a deep voice at the end of the story, “the creature still walks the streets.” He closed the book. The cats were still shuddering. Theo was about to remind them that it was just a story, when, **KERDOOF!** There was a noise outside.




Fold



**Hop on board for a reading adventure ...**

lapa  
www.lapa.co.za  
012 401 0700

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Fold



Wendy Hartmann  
Joan Rankin



Theo  
and the cat burglar  
UTheo  
kanye nomgqekezi  
ontshontsha amakati

Emva ekotishi Lamakati, amakati ayevale amakhethini, akhanyisa amakhandlela athosa nosadinsi ngesikhathi uTheo egala ukufunda. Kwakuyindaba embi kakhulu ebizwa ngokuthi "The Mad Monster". Amanye amakati athatha izingubo zawo zokulala, amanye ankonkoshelana. Ayeqhabhazela futhi enyakaza kakhulu uTheo efunda.



"Hlala lapha," kusho uTheo egijima eya phandle. Wabona iveni seyiphuma ngesango. UTheo wagijima ngamandla akhe onke. Wagxuma wehlela ophahleni lweveni.  
Kusenjalo, phakathi nomgwago wabona into eyesabeka kunazo zonke ayeseke wazibona empilweni yakhe yonke. Yayinkulu, imyama, futhi igqoke izingubo ezimanyikini, inezingalo ezinde. Iveni yazama ukuyigwema inunu kodwa yayishayisa. Yase ishayisa ucingo. Umnyango ongemuva wavuleka kwawa amaningi amasaka.

"Stay here," said Theo and ran outside. He saw the van already driving out through the gate. Theo ran as fast as he could. He took a flying leap and landed on the van's roof. Suddenly, in the middle of the road he saw the most frightening thing he had ever seen in his life. It was big and black with tattered clothes and long arms. The van swerved, but it still bumped the monster. Then it crashed into the fence. The back doors flew open and out fell lots of sacks.

All the cats in town lived together in an enormous house called Cat Cottage, but not Theo.

Theo lived with his mother and his brother and sister right next to the library. He loved to read, and where he lived there were hundreds of books.

Wonke amakati asedolobheni ayehlala endlini enkulu eyayibizwa ngeKotishi Lamakati, ngaphandle kukaTheo.

UTheo wayehlala nonina nomfowabo nodadewabo eceleni komtapo wezincwadi. Wayethanda ukufunda, kanti lapho ayehlala khona kwakukhona amakhulu ezincwadi.



But not Theo. He stayed at the library. "Now, I wonder which story the burglar landed in," he said looking at a pile of books. And he sat down and started to read.

Kodwa hhayi uTheo. Wahlala emtatsheni wezincwadi. "Kazi uwele kuyiphi indaba umgqekezi," washo ebuka inqwaba yezincwadi. Wase ehlala phansi eqala ukufunda.



Umqkezi wayethuke kakhulu. Waphenduka wabaleka wehla ngomgwago ngesivini. UTheo wakhipha amakati emasakeni ngesikhathi usheila ezama ukuphuma ezingubeni zesethusi.

“Sikhipheni!” kumemeza amakati asesakeni.

ensimini eseduze nekotishi Lamakati.

“Sheila?” kumemeza uTheo ngesikhathi ethola ukuthi, empeleni, inunu le kwakuyingulube kaMnumzane Khumalo eyayihlala

“Ukudla!” kumemeza inunu.

tried to get out of the scarecrow clothes.

The burglar was terrified. He turned and ran down the road as fast as he could. Theo let the cats out of the sacks and Sheila

“Let us out!” shrieked the cats in the sacks.

in fact, Mr Khumalo’s pig who lived in the field near Cat Cottage.

“Food!” screamed the monster.



Fold

Back at Cat Cottage, the cats closed the curtains, lit candles and toasted sardines as Theo started to read. It was an awful story called “The Mad Monster”. Some of the cats grabbed their blankets, others grabbed each other. They shivered and shook as Theo read.



“Well, he’s gone,” said Sheila. “I’m going home.”

“Hhayi-ke, usehambile,” kusho uSheila. “Ngibuyela ekhaya mina.”

“Our sardines!” said the cats. “We’re going home too. We’re starving.” One by one the cats turned, tails straight, noses in the air and went back to Cat Cottage to toast the rest of their sardines.

“Osadinsi bethu!” kusho amakati. “Nathi siyagoduka. Sesilambe kakhulu.” Ikati ngalinye ngalinye laphenduka, imisila yaqonda manje, amakhala ahogela umoya, abuyela eKotishi Lamakati eyothosa osadinsi bawo abasele.



Fold





Theo went straight to the library and quickly started to search the shelves. He found a book called *Careers for Cats* and borrowed another one titled, *One Hundred and One Scary Stories*. The cats at Cat Cottage had begged him to read something really, REALLY scary and at last he had found it.

Utheo wagonda emtatshe ni wezincwadi wagala ukubheka emashalofini. Wathola incwadi ebizwa ngokuthi i-*Careers for Cats* wase eboleka nenye eshloko sayo sithi, *One Hundred and One Scary Stories*. Amakati asekotishi lamakati ayemncengile ukuthi awafundele indaba eyesabisa ngempela, NGEMPELA kanti wagcina eseyitholile.



“The burglar’s getting away,” shouted Theo had a brilliant idea. “After him,” he said. “Chase the burglar into the library.” Down the road they went. Into the library went the burglar. In ran the cats and in ran Sheila. Granny Smit was in the library. She bumped a whole bookshelf of books that toppled right on top of the burglar.

“Uyaphunyuuka umgqeki!” kumemeza amakati. Kusenjalo uTheo waba necebo elihle kakhulu. “Ezithendeni zakhe,” kusho yena. “Xoshani umgqeki aze ayongena emtatshe ni wezincwadi.” Wehla ngomgwaqo. Umgqeki wangena emtatshe ni wezincwadi. Kwangena amakati egijima noSheila wangena egijima. Kwakukhona uGogo uSmit emtatshe ni wezincwadi. Washayisa ishalofu lezincwadi zonke zawela phezu kumgqeki.

Fold

One day Theo’s mother asked him a question, “Theo, what do you want to be when you grow up?”

Theo was surprised. “I don’t know,” he said. “I will have to look in some books.”



Ngelinye ilanga umama kaTheo wambuza umbuzo, “Theo, ufuna ukuba yini uma usukhulile?”

Kwamumangaza lokhu uTheo, “Angazi,” kusho yena. “Kuzomele ngibheke ezincwadini.”

“AAAAHHH!” screamed the burglar. (So many books landed on him that he was squashed right into someone else’s story!)



“AAAAHHH!” kumemeza umgqeki. (Kwakuwele izincwadi eziningi kakhulu phezu kwakhe wase ecindezeleka wangena endabeni yomunye umuntu!)

Fold



## The Na'ibali bookshelf



Have you ever read any books by Roald Dahl? He is a world-famous author of children's books. He was born in Wales on 13 September 1916 and died on 23 November 1990. Although he wrote in English, his books have been translated into 34 languages and are read by children all over the world.

### 7 interesting facts about Roald Dahl

1. He kept a secret diary from when he was eight years old.
2. He wrote short stories for adults first before writing for children. He did not start writing for children until he had children of his own.
3. His first children's book, *James and the Giant Peach*, was only published when he was 45 years old!
4. His favourite colour was yellow and he loved the smell of bacon frying.
5. His favourite sweet treat was chocolate, but he didn't like chocolate cake or chocolate ice cream!
6. He wrote every story in pencil because he couldn't type – and he wrote on yellow paper!
7. He always kept an ideas book close by. In this he wrote down all his best ideas when he thought of them because he said that good ideas were like dreams – soon forgotten!


### Some books by Roald Dahl

*The BFG*  
*Charlie and the Chocolate Factory*  
*Charlie and the Great Glass Elevator*  
*The Enormous Crocodile*  
*The Twits*  
*Matilda*  
*George's Marvellous Medicine*

At the moment, the only South African languages that Roald Dahl's books are available in are English and Afrikaans. Most libraries and bookshops have his books available.

Go to  
 "Book Box" on  
[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) for a full  
 list of Roald Dahl's books for  
 you to enjoy.

Iya ku-"Book Box"  
 ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ukuze  
 uthole uhlu oluphelele  
 lwezincwadi zikaRoald Dahl  
 ozozithokozela.



## Ishalofu lezincwadi lakwaNa'ibali

Ngabe ikhona incwadi kaRoald Dahl owake wayifunda? Ungumbhali odume umhlaba wonke wezindaba zezingane. Wazalelwa eWales ngomhla ziyi-13 kuMandulo ngowe-1916 washona mhla zingama-23 kuLwezi ngowe-1990. Noma wayebhala ngesiNgisi izincwadi zakhe zihunyushelwe ezilimini ezingama-34 futhi zifundwa yizingane emhlabeni wonke.

### Izinto eziyi-7 nezihlaba umxhwele ngoRoald Dahl

1. Wagcina idayari eyimfihlo kusukela ngesikhathi eneminyaka eyisishiyagalombili.
2. Waqale wabhala izindaba zabantu abadala ngaphambi kokuba abhalele izingane. Akazange aqale ukubhalela izingane waze waba nezingane zakhe.
3. Incwadi yakhe yezingane yokuqala ethi; *James and the Giant Peach*, yashicilelwa eseneminyaka yobudala engama-45!
4. Umbala ayewuthanda kwakungophuzi futhi wayelithanda iphunga lokuthoswa kukabhekeni.
5. Uncamnce ayewuthanda kwakuwushokoleli, kodwa wayengalithandi ikhekhe likashokoleli noma u-ayisikhrimu kashokoleli!
6. Wayebhala indaba ngayinye ngepensela ngoba wayengakwazi ukuthayipha – kanti wayebhalela ephapheni eliphuzi!
7. Wayehlale enencwadi yakhe yemiqondo emfikelayo eduze kwakhe. Wayebhala kuyo yonke imiqondo emfikelayo uma eyicabanga ngoba wayethi imiqondo emihle ifana namaphupho – umuntu usheshe ayikhoohlwe!

### Ezinye zezincwadi zikaRoald Dahl

Okwamanje, izilimi zaseNingizimu Afrika izindaba zikaRoald Dahl ezitholakala ngazo yisiNgisi nesiBhunu kuphela. Imitapo yezincwadi kanye nezitolo zezincwadi eziningi zinazo izincwadi zakhe.



Your family's story could win you a book hamper worth R1 000 AND could appear in the Na'ibali supplement for all our readers to enjoy.



Indaba yomndeni wakho ingakuwinela ihempa ye-R1 000 FUTHI ingafakwa esithasiselweni sakwaNa'ibali ukuze ithokozelwe yibo bonke abafundi bethu.



WIN!

This Heritage Month, Na'ibali is calling on South Africans to revive and celebrate our rich culture of storytelling. Stories help nurture a sense of self-worth, connection and belonging among children and their parents or caregivers. And the best thing is, sharing stories is as natural to human beings as eating and sleeping! Some of the stories we tell today have been passed down from generation to generation, while others are new ones that we create ourselves.

Does your family have a funny story about relatives that everyone likes to hear at the dinner table again and again, or one that you've made up together? Is there a story you remember that a grandparent used to tell you as a child? Whatever your family story is, write it down or use your cellphone to record it for our Heritage Day Family Stories competition. Submit your written or recorded story to [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org), or PRAESA, Suite 17–201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700, Cape Town. Your family's story could win you a book hamper worth R1 000 AND could appear in the Na'ibali supplement for all our readers to enjoy. Closing date: 24 October 2014. We regret we cannot return your written stories or recordings, so please keep a copy!

WINA!

Kule Nyanga Yamagugu, uNa'ibali umema bonke abantu baseNingizimu Afrika ukuthi bavuselele futhi bagubhe isiko lethu elinohle lokuxoxa izindaba. Izindaba zisiza ukunonophalisa umuzwa wokuzazi ukuthi ungubani, ukuxhumana nokuthi ungowakuphi phakathi kwezingane kanye nabazali bazo noma abanakekeli bazo. Futhi okuhle kakhulu ukuthi, ukwabelana ngezindaba kuyinto ezenzekela ngokwemvelo nje ebantwini, efana nokudla nokulala! Ezinye zezindaba esizixoxa namhlanje zisuka esizukulwane esithile ziye kwesinye, kanti ezinye yilezo esizenzela zona thina.

Ngabe umndeni wakho unayo indaba ehlekisayo ngezihlobo zenu wonke umuntu athanda ukuyilalela njalo ngesikhathi sesidlo sakusihlwa, noma leyo enizenzele yona nindawonye? Ngabe ikhona indaba umkhulu noma ugogo wakho ayejwayele ukukuxoxela yona useyingane? Noma ngabe ithini indaba yomndeni wakho, yibhale phansi noma usebenzise umakhalekhukhwini ukuyiqophela umncintiswano wezindaba Zomndeni Ngosuku Lwamagugu. Thumela indaba ebhaliwe noma eqoshiwe ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org), noma ku-PRAESA, Suite 17–201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700, Cape Town. Indaba yomndeni wakho ingakuwinela ihempa ye-R1000 FUTHI ingafakwa esithasiselweni sakwaNa'ibali ukuze ithokozelwe yibo bonke abafundi bethu. Usuku lokuvala: Umhla zingama-24 kuMfumfu wezi-2014. Siyaxolisa ukuthi ngeke sikwazi ukubuyisa izindaba zenu ezibhaliwe neziqoshiwe, ngakho sicela nizigcinele awenu amakhophi!!

## Story corner

Here is the first part of a story about a boy and his friends who worked together to make a go-kart. Enjoy reading it aloud or retelling it.

### Lwazi and the go-kart (Part 1) By Helen Brain

One day Lwazi found an old push chair in the empty field near his home. It was broken, but it had four good wheels. He took them off and looked at them. "I wonder what I should make," he thought. "I know, I'll make a go-kart."

So off he went to the carpenter. "Please, Sir, do you have some old wood for me?"

The carpenter went to his wood pile and found Lwazi three old planks. "Here you are," he said. "Be careful now. Don't get a splinter."

Now Lwazi had four wheels and three planks, but he needed some rope.

So off he went to the harbour. There was Mr Smit, the fisherman, offloading snoek from his boat. "Mr Smit, do you have some old rope for me, please?"

"Here you are," said the fisherman. "Two metres. Be careful when you cut it. Don't cut your finger by mistake."

Now Lwazi had four wheels, three planks of wood and two metres of rope, but he needed some bolts.

So off he went to the mechanic at Granville's Garage. "Please, Sir, may I have some nuts and bolts?"

"Here you are," said the mechanic. "Be careful now. Don't hurt yourself when you drill the holes."

Now Lwazi had four wheels, three planks of wood, two metres of rope, and a handful of nuts and bolts. Off he went to his uncle's house. Uncle Rodney had a nice big yard, and Lwazi set to work.

All morning Lwazi sawed and hammered, and hammered and drilled, and drilled and sawed. When afternoon came he was very tired, but his go-kart wasn't finished. He still needed to sand it smooth so he didn't get a splinter.

**Get your supplement next week and find out what Lwazi and his friends learn when they have their first ride in the go-kart!**

## Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokuqala yendaba emayelana nomfana kanye nabangani bakhe abasebenza ndawonye ukuze bakhe inqola. Thokozela ukuyifunda noma ukuphinde uyixoxe.

### ULwazi nenqola (Ingxenye yoku-1) NguHelen Brain

Ngelinye ilanga uLwazi wathola isihlalo esinamasondo esidala esigangeni esingasekhaya lakubo. Sasephukile, kodwa sinamasondo amane asesimweni esikahle. Wawakhipha wawabhaka. "Kazi ngingenzani ngalokhu," kucabanga yena. "Ngiyazi, ngizokwenza inqola."

Ngakho waya kumbazi. "Ngisize, Mnumzane, ngabe unawo amapulungwe amadala ongangipha wona?"

Umbazi waya enqwabeni yamapulungwe akhe wase etholela uLwazi amapulungwe amadala. "Thatha," kusho yena. "Uqaphele bo. Ungahlatshwa uvave lwepulangwe."

Manje uLwazi wayesenamasondo amane kanye namapulungwe amathathu, kodwa wayesadinga intambo.

Ngakho waya echwebeni. Kwakukhona uMnumzane Smit, umdobi, owayethulula izinhlanzi zohlobo lwesinuki esikebheni sakhe. "Mnumzane Smit, ngabe unayo intambo endala ongangipha yona, bandla?"

"Thatha," kusho umdobi. "Amamitha amabili. Uqaphele uma uyingquma. Unganqumi umunwe ngephutha."

Manje uLwazi wayesenamasondo amane, amapulungwe amathathu kanye nentambo engamamitha amabili, kodwa wayesadinga amabhawodi.

Ngakho waya kumakhenikhi eGranville's Garage. "Mnumzane, ngicela ungiphe amanathi namabhawodi?"

"Thatha," kusho umakhenikhi. "Uqaphele bo. Ungazilimazi ngesikhathi ubhoboza izimbobo."

Manje uLwazi wayesenamasondo amane, amapulungwe amathathu kanye nentambo engamamitha amabili, amanathi namabhawodi amaningana. Waya emzini kamalume wakhe.

Umalume uRodney wayenegceke elikhulu kakhulu, uLwazi wabe eselungiselela ukusebenza.

Ngaso sonke isikhathi sasekuseni uLwazi wayesaha bese eqongqothela, aphinde aqongqothela, abhole izimbobo, abuyebhole izimbobo, asahle futhi. Ntambana wayesekhathele kakhulu, kodwa inqola yakhe yayingakapheli. Wayesadinga ukuyenza ibe bushelelezi ukuze kungabi bikho mapulangwe ahlabayi.

**Thola isithasiselo sakho ngesonto elizayo ukuze uzwe ukuthi uLwazi nabangani bakhe bafundani ngesikhathi begibela inqola okokuqala!**



Illustration by Magriet Brink  
Umdwebho wenziwe uMagriet Brink

## In your next Nal'ibali supplement:

- Gcina Mhlophe writes about stories, past and present
- A special Heritage Day cut-out-and-keep book by famous South African artist, Gerard Sekoto: *Shorty & Billy Boy*
- Collect the Nal'ibali characters: Dintle
- The final part of the Story Corner story, *Lwazi and the go-kart*

Did you know that Nal'ibali supplements come in a range of South African languages? Visit the "Supplements" section at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) to download the supplement in English-isiXhosa, English-isiZulu, English-Sesotho and English-Afrikaans.



Find us  
on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sithole ku-  
Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

## Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- UGcina Mhlophe ubhala ngezindaba, ezakudala nezamanje
- Incwadi ekhethekile yoSuku Lwamagugu ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina kangcweti waseNingizimu Afrika odumile, uGerard Sekoto ethi: *USidumo noVikela*
- Qoqa abalingiswa bakwaNal'ibali: Dintle
- Ingxenye yokugcina yendaba yeKhona Lezindaba ethi, *ULwazi nenqola*

Ngabe bewazi ukuthi izithasiselo zakwaNal'ibali zitholakala ngezilimi eziningi ezahlukene zaseNingizimu Afrika? Vakashela isigaba esithi "Supplements" ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ukuze uthwebule isithasiselo ngesiNgisi-isiXhosa, IsiNgisi-isiZulu, IsiNgisi-isiSesotho nangesiNgisi-isiBhunu.